**Isitatimende Sabezindaba**

# USARS USEBENZISANA NEZISEBENZI ZENTELA UKUQINISA UKUTHOBELA NGOKUZITHANDELA

**27 kuNcwaba 2025 —** Ekulandeleni okuphokophelwe ngenhlososu kaSARS yokusebenzisana nokusebenza ngababambiqhaza ukuthuthukisa uhlelokusebenza lwentela, uKhomishana uKieswetter nethimba lakhe babambe imihlangano yokubonisana neNkundla Yomkhandlu Olawulayo Ogunyaziwe. Lena yinkundla yokuxoxisana ngamasu phakathi kukaSARS neMikhandlu Elawulayo Egunyaziwe (ama-RCB). USARS ukubona lokhu kuxhumana njengento esemqoka yokuSebenza ngokoBizo: ukulekelela ukwakha umbuso okhonayo nokufukula abantu baseNingizimu Afrika.

Ubuholi bama-RCB bubandakanya i-South African Institute of Taxation (i-SAIT); i-South African Institute of Chartered Accountants (i-SAICA); i-South African Institute of Professional Accountants (i-SAIPA); i-Institute of Accounting and Commerce (i-IAC); i-Chartered Institute of Business Accountants (i-CIBA); i-Legal Practice Council (i-LPC); i-Chartered Govevernance Institute of Southern Africa (i-CGISA); i-Financial Planning Institute (i-FPI); i-Chartered Institute of Management Accountants (i-CIMA); kanye ne-Association of Chartered Certified Accountants (i-ACCA).

Indima negunya lama-RCB kuthathwe emthethweni, ikakhulukazi Isigaba 18 soMthetho Wokuphathwa Kwentela. Ama-RCB kumele aqaphe indlela yokuziphatha kwezisebenzi zentela ukuqhakambisa ukuthembekela nesithunzi sohlelo lwentela. “Njengoba kulindelekile kithi, nakuzisebenzi zethu, indlela yokuziphatha Yezisebenzi Zentela, kumele ingasoleki” kusho uKhomishana uKieswetter. Izisebenzi zentela zisemqoka ohlelweni lwezimali lwaseNingizimu Afrika nokubamba iqhaza ekukhokhweni kwemali kumbuso. Ekuqondiseni abakhokhintela, zingumongo wenhlososu kaSARS yokukhuthaza ukuthobela ngokuzithandela. Njengenxusa lokuthobela ngokuzithandela, izindaba zentela zesisebenzi sentela kumele zithobele imigomo yentela.

USARS nama-RCB babe nezingxoxo ezinamaqiniso ngezindaba ezisemqoka ezibathintayo. Bavumelene ukuba uSARS kumele anike izisebenzi zentela ingcaciso nesiqinisekiso ngezibophezelo zabo, akwenze kube lula kubo ukuba bathobele, ikakhulukazi uma kuza ekubhalisweni, kanjalo nasekuqinisekiseni kokuvuselela okuqhubekayo. USARS ugqugquzela ama-RCB ukuba athole imvume kumalungu awo ukuze ezokwabelana ngesimo sawo sokuthobela.

Umhlangano uqinisekise indima esemqoka kaSARS, kulokhu, igalelo lomsebenzi, ukuze kugcwaliswe umyalelo wenhlangano wokuqoqa imali, ukuqinisekisa ukuthobela imithetho-nqubo yentela nokulawulwa kwempahla emngceleni, ukuvikela imingcele

yethu, nokuxhumanisa uhwebo olusemthethweni. Njengabanye abalawuli bezisebenzi zentela nabaxhumanisi kwezentela nokulawulwa kwempahla emngceleni, ama-RCB anomthwalo hhayi wokuthobela kwawo imithetho yentela nokulawulwa kwempahla emngceleni kuphela, kodwa wokulekelela amalungu awo ayizisebenzi zentela, nabakhokhintela ezibasebenzelayo, ukuba bathobele imigomo yentela. Futhi bakwenze lokhu ngaphandle kokwesaba noma ukwenzelela ngendlela yokuziphatha kwezisebenzi, kanye nezimiso zalowo msebenzi.

**Endleleni Eya Phambili**

Lobu budlelwane bamasu phakathi kukaSARS nama-RCB, bokuthuthukisa amazinga okuthobela nokuqoqa imali, ikakhulu kumafomu emininingwane ngentela angabuyisiwe kanye nesikweletu esisilele. Impumelelo yalokhu kusebenzisana iqinisekisa uhlelo lwentela olulinganayo lapho abakhokhintela abaningi bekhokha lokhu okulindelwe ngokomthetho, esikhundleni sokuthi kube umthwalo othwalwa yilabo abathobelayo. UKhomishana ucele Izikhulu Eziphezulu (ama-CEO) zama-RCB ukuba zisebenzisane noSARS futhi zilekelele ukulawula izindaba zentela zamalungu namakhasimende azo.

USARS nama-RCB bavumelene ukubheka izindlela zokuqoqa imali ekweletwayo esikhwameni ngokushesha ngokuhlinzekelwa uMthetho Wokuphathwa Kwentela. Kuze kube manje uSARS uzinikele ekusheshiseni izinqubo zawo ukuvumela ukuqoqwa kwesikweletu.

UKhomishana unxuse ukuba ama-RCB alekelele ukuqinisekisa ukuthi ukuthobela intela ngokuzithandela kuwudaba oludingidwa kuyo yonke imihlangano.

Ukuze siqinise ukusebenzisana okuqhubekayo, uSARS nama-RCB bavumele ngalokhu:

- Ukuba nezingxoxo ngamasu kanye/kabili ngonyaka phakathi kukaKhomishana nama-CEO ama-RCB.
- Ufundisa futhi Inkundla Yemisebenzi ukuba iqhube izindaba zokusebenza.
- Ukusungula Ikomidi Lezomthetho Nenqubomgomo ukubhekana nezindaba zemithetho-nqubo.
- Ukumisa ikomidi lobuchwepheshe ukuxazulula izinkinga zohlelo kanye nemininingo.

Kweminye iminyango, uSARS uzophinde asungule futhi inkundla nomnyango wawo wamaBhizinisi Amakhulu Namazwe Omhlaba kanye Nabantu Abayizinjinga. Esifundeni, uSARS uzophinde ufundise futhi Amakomidi Ezifunda indlela yokubhekana nezinkinga zokusebenza zansuku zonke.

USARS uzobuye acije Uhlelo Lwendlela Yokuhlinzeka Ngosizo Yezisebenzi Zentela uphinde uxoxe nama-RCB Ohlelweni lwawo Lokwenza Kube Okwesimanje.

UKhomishana uKieswetter ubonge ama-RCB ngendima yawo esemqoka ekulekeleleni izwe lithole izinsiza zokuhlangabezana nezingqinamba kuzwelonke. Uthe “zombili izinhlangothi zigcizelele ukubaluleka kwezingxoxo ezakhayo ngezinselelo esibhekene nazo; ziqhubeke nokusebenzisana; nokuba nemigudu evulekile yokuxhumana ukuze kwakheke indawo esebenzayo yentela nokulawulwa kwentela emngceleni. Kusemqoka ukuqinisa ukuthobela ngokuzithandela okuhambisana nemihlomulo yokuqinisa ukuzibophezela ekufakeni imali, indlela yokuziphatha enhle nezimiso zama-RCB, izisebenzi zentela kanye nabakhokhintela”. Ephetha, uKhomishana uthe, “Ukuqoqa kukaSARS imali engaphezulu kuka-R23.3 trillion selokhu wasungulwa, akuyona into encane ngenxa yendima esemqoka edlalwa ama-RCB”.

Ama-CEO ama-RCB azemukele izingxoxo. Bawamukele umoya wokusebenzisana ngempumelelo ekufinyeleleni ekuthobeleni ngokuzithandela. Ommelele i-SAIPA uNksz Tia van der Sandt, uzwakalise ukubonga “ngethuba lokuqinisa ubudlelwane noSARS egameni lezisebenzi zethu zentela. Sikholelwa ukuthi kuwumthwalo wethu sonke ukwakha izwe lethu elihle. UNksz Sesana we-SAIT uthe inhlangano yakhe “iyakwazisa ukusebenzisana noSARS kakhulu ngoba kuyisisekelo sokuba abantu bafake isandla emalini eoqwayo okuyisisekelo sezwe eliphumelelayo", nokuthi “ku-SAIT, njenge-RCB enkulu, ukuhambela Isikhungo Esiyalelayo sakwaSARS i-SARS Command Centre nokubona indlela okusetshenziswa ngayo imininingo ye-AI neyangaleso sikhathi ukuyisa izwe phambili kungivule amehlo futhi kungikhuthazile.” U-CEO we-IACSA, uMnu Prakash Singh uncome “ingxoxo enokuhloniphana ngezihloko ezifanele ezithinta iNingizimu Afrika yonkana”. Kanti u-CEO we-CIBA, uMnu Nicholas van Wyk uzwakalise ukuncoma kwakhe “umangazwe yizinga lobuchwephesha obusetshenziswa uSARS ekuqapheni ukusebenza kwayo ngenkathi kwenzeka ngesikhathi sangempela”. Ukholelwa ukuthi “lokhu kubeka izinga eliphezulu lomhlaba wonke lobuqabavu, okuhlanganisa naseNingizimu Afrika”, futhi wahalalisela ukuxoxisana kukaSARS nama-RCB kanye nezisebenzi zentela ngokubathatha “njengabambisene bamasu ekuqoqeni izinsiza zezwe”.

Lokhu kuxoxisana okuyimpumelelo kuqinise ubudlelwane phakathi kukaSARS nama-RCB, noKhomishana uKieswetter enza iphuzu elicacile lokuthi “Ukuze sikwazi ukusebenzisana kahle neMikhandlu Elawulayo Egunyaziwe, namalungu ayo asebenza njengabeluleki nabaxhumanisi babakhokhintela, kumele lo msebenzi siwuphathe ngezinga eliphezulu lokuphendula, ngokomthetho nangokokuziphatha”.

IYAPHELA.